Isolezwe
04 October 2017
Page: 05

PHILI MJOLI

# Kuvezwe isizathu sokuhlaselwa komuzi weNhloko yoMnyango wezoLimo

UKUNQANYULWA kwezinkontileka zabantu abathile ebese benesikhathi eside bezitamuzela amathenda ezimbewu nomanyolo yikho okuholele ekutheni kuhlaselwe umuzi weNhloko yoMnyango wezoLimo KwaZulu-Natal.

Lokhu kushiwo uNgqongqoshe walo mnyango esifundazweni, uMnuz Themba Mthembu, izolo.

Uthe uMfusi ongene kulesi sikhundla ngo-Ephreli nonyaka waqala ukuthola izinsongo enamasonto amathathu ebambe kulesi sikhundla.

Uthe abathumela imiyalezo bebekucacisa ukuthi uma uMfusi eqhubeka nokuvala umpompi wamathenda obesekwaziwa ukuthi ngawabantu abathile kulo mnyango uzowukhomba umuzi onotshwala.

"Akuyena yedwa uMfusi othunyelelwe imiyalezo emsabisayo nabanye abasebenzi bomnyango bayayithola, abanye sebeze bashiya umsebenzi. Isimo simanzonzo.

"Abantu bafuna ukudla izimbewu nomanyolo komphakathi ngenkani," kusho uMthembu.

Uthe ngeke bakuvumele lokhu ngoba izimbewu nezinye izinsiza ezikhishwa umnyango ngezomphakathi akuzona ezabantu abathile abazicebisa ngazo.

"Kulo mnyango sekuze kwaba sengathi kusemthethweni ukuthi izimbewu zomnyango zifika kubantu sekudlule isikhathi.

"Uma kungenjalo zifike sezonakele. Zisuke zihleli kulaba bantu abasuke besafuna ukwenza inzuzo ngazo.

"Zize zinikezwe umphakthi uma sekwenele bona noma sebebona ukuthi sezidlulelwe yisikhathi.

"Asikwazi ukuvumela isimo esinjangalesi siqhubeke. UMfusi nabanye abasebenzi bomnyango abesekhaleni lohlelo lokuvala bonke ompompi, bazondelwa lokho," kusho uMthembu.

Uthe basazohlangana nezikhulu zamaphoyisa kuboniswane ngezinhlelo zokuphepha ezinganikezwa uMfusi.

UMfusi, ngenyanga edlule kuthiwa uvule icala lokusatshiswa esiteshini samaphoyisa eHilton.

Ngemuva kokuvulwa kwaleli cala kuthiwa washayelwa ucingo ngabantu abangazishongo ukuthi bangobani bathi bayazi ukuthi useye emaphoyiseni.

Bamfundela sonke isitatimende asibhale emaphoyiseni.

UMnuz Nhlanhla Msimango oyilungu le-IFP ephalamende uthe uMthembu noNgqongqoshe wezokuPhepha kulesi sifundazwe kumele bamvikele uMfusi.

Esitatimendeni asithumelele abezindaba uthe: "UMfusi wengamele isabelo zimali somnyango esingu-R2 197 billion. Baningi abantu abafuna ukuhlephula kulo mkhoma ngamathenda ezimbewu, amakhemikhali nezinye izinhlelo.

"Amaphoyisa kumele aluphenye kabanzi lolu daba. Angikusho lokhu ngoba kuwudaba oluthinta inhloko yomnyango kodwa ngoba kuthinta impilo yabantu."

USgt Mthokozisi Ngobese okhulumela amaphoyisa eMgungundlovu uthe amaphoyisa aphenya icala lokuhlaselwa kukanogada wenhloko yomnyango nelokusabisa.

"Okwamanje ngeke ngiphike noma ngivume ukuthi lawa macala ahlobene. Womabili siwathatha njengamacala okumele aphenyisiswe," kusho uNgobese.